



## Using the Nal'ibali supplements at your club

Reading clubs across South Africa are sharing with us how they are using the Nal'ibali supplements. Clubs use them in different ways depending on their own book supply and the other resources they have, as well as the age range of the children. Here are some ideas you might like to try:

- **Make resources to use again** Take the mini-book pages (pages 3 – 6) out of the supplement and on your own or with the children make these into books for the club. Use the longer 'Story corner' stories (on page 8) to create story cards by pasting them onto pieces of card and covering them with plastic.
- **Support biliteracy** Both you and the children can have fun learning to read in two languages by reading the mini-books first in your most familiar language and then in the other one.
- **Store stories** Find something in which to store your supplement books and story cards – like a shoe-box – and then keep them in a special place at the club, so that the children know where to find them if they want to read or borrow them.



- **Take them home** Create a lending library for reading club members so that they can borrow the books and story cards to read at home with family members. Also, how about sharing information with the children's parents and other caregivers by sending home page 1 of the supplement for them to read?
- **Read to a group** Choose one of the mini-books from the supplement to use in a read-aloud session. Let the children follow in their own copies as you read to them. Then try some of the 'Get story active' activity ideas – they extend and deepen the children's understanding of the story.
- **Read alone and in pairs** Let the children choose which book or story card they would like to read with a volunteer or partner. Invite older children to also read on their own or to younger children.
  - **Tell stories** Become familiar with the 'Story corner' stories and then use these stories for storytelling.
  - **Spread the word** Children can make their own little libraries at home by collecting the supplement stories. Older children might like to start small book clubs of their own by inviting other children to come to their homes to share the supplement stories.

## Ukusebenzisa izithasiselo zeNal'ibali ethimbeni lokufunda lakho

Amathimba okufunda eNingizimu Afrika yonkana abelana nathi ngokuthi azisebenzisa kanjani izithasiselo zeNal'ibali. Amathimba azisebenzisa ngezindlela ezahlukeni ezincike emabhukwini kanye nezinye izinsiza anazo, nokushiya kweminyaka yezingane. Nanka amanye amacebo eningathanda ukuwazama:

- **Yenzani izinsiza enizophinde nizebenzise futhi** Thatha amakhasi ebhukwana (amakhasi 3 – 6) esithasiselweni bese wena noma nezinye izingane nenze lokhu kube ngamabhukwana ethimba. Sebenzisani izindaba ezinde ze-'Khona lezindaba' (ekhasini 8) ukuze nizenzele amakhadi ezindaba enizowanamathisela ezingqembeni bese niwakhava ngoplastiki.
- **Sekani ukufunda ngezilimi ezimbili** Izinhlangothi zombili, wena kanye nezingane zakho, ningazithokozisa ngokufunda ngezilimi ezimbili ngokufunda amabhukwana ngolimi enilujwayele kuqala bese nifunda nangalolu olunye futhi.
- **Gcinani izindaba** Tholani into enizogcina amabhukwana ezithasiselo kanye namakhadi ezindaba kuyo – efana nebhokisi lezicathulo – bese nikugcina endaweni yethimba ekhethekile, ukuze izingane zazi ukuthi zizokuthola kuphi uma zifuna ukukufunda noma ukukuboleka.

- **Hambani nakho ekhaya** Yakhani umtapo wezincwadi okubolekwa kuwona izincwadi namakhadi ezindaba amalungu ethimba lokufunda ukuze akufunde ekhaya namalungu emindeni yawo. Kunganjani futhi ukuthi nabelane nabazali kanye nabanakekela izingane ngolwazi ngokuthumela ekhaya ikhasi loku-1 lesithasiselo ukuze balifunde?
- **Fundelani ithimba** Khethani ibhukwana eliphuma ezithasiselweni bese nisebenzisa ngesikhathi sokufunda kuzwakale. Vumela izingane ukuthi zilandele indaba ezincwadini zazo ngesikhathi uzifundela. Zamani amanye amacebo emisebenzi 'Yokwenza indaba ihlabe umxhwele' – lokhu kwandisa futhi kugxilisa ukuqonda kwezingane indaba.
- **Fundani ngabanye noma ngababili** Vumela izingane ukuthi zikhethe incwadi noma ikhadi lezindaba ezithanda ukukufunda nozinikele noma nomlingani. Cela izingane ezindadlana ukuthi zizifundele noma zifundele izingane ezisencane.
- **Xoxani izindaba** Zijwayezeni izindaba ze-'Khona lezindaba' bese nisebenzisela lezi zindaba ukuxoxa izindaba.
- **Sabalalisani ulwazi** Izingane zingenza imitapo yezincwadi emincane yazo ekhaya ngokuqoqa izindaba zezithasiselo. Izingane ezindadlana zingathanda ukuqala awazo amathimba okufunda ngokumema ezinye izingane ukuthi zize emakubo ukuze zabelane ngezindaba zezithasiselo.



Drive your  
imagination

Help your child be a somebody.  
It starts with a story...  
Siza ingane yakho ukuthi ikhule  
ibe ngumuntu obalulekile.  
Kuqala ngendaba exoxwayo...







# Celebrate our children

**National Children's Day is celebrated on the first Saturday of November every year to remind us about the rights of children. All children have the right to education and an important part of this is learning to read and write. So this year on 3 November, help the children in your life remember the role that stories play in their lives and how special they are by letting them create their own Na'Ibali picture frame!**




1. Cut along the red dotted lines on the frame below.
2. Paste the frame onto a sheet of paper or thin cardboard.
3. Cut carefully along the black dotted lines.
4. Draw a picture (or take a photo) of you and a friend reading together.
5. Paste the picture onto the back of the frame.
6. Display your picture where lots of people will see it! Share it with us and stand a chance of winning a storybook hamper! Email your picture to [letters@nalibali.org](mailto:letters@nalibali.org) or post them on our Facebook page: [www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA) by 19 November 2012.

# Gubhani usuku lwezingane zethu



**Usuku lukaZwelonke lweZingane lugujwa ngoMgqibelo wokuqala kaNovemba minyaka yonke ukuze sikhumbule amalungelo ezingane. Zonke izingane zinelungelo lokufunda kanti ingxenye ebalulekile yalokhu ukwazi ukufunda nokubhala. Ngakho ngomhla ka-3 Novemba walo nyaka, siza izingane ezisempilweni yakho ukuthi zikhumbule iqhaza elibanjwa yizindaba ezimpilweni zazo nokuthi zibaluleke kangakanani ngokuzivumela ukuthi zenze ifreyimu yazo yezithombe yeNaI'ibali!**

1. Sika emachashazeni abomvu efreyimini engezansi.
2. Namathisela ifreyimu ephepheni noma ekhalibhothini elincane.
3. Sika ngokucophelela ulandele amachashazi amnyama.
4. Dweba isithombe (noma nithathe isithombe) sakho nomngani wakho nifunda ndawonye.
5. Namathisela isithombe ngemuva kwefreyimu.
6. Beka isithombe senu lapho sizobonwa khona abantu abaningi! Yabelanani nathi ngaso bese niba sethubeni lokuwina ihempa yamabhukwana ezindaba! Thumelani isithombe senu nge-imeyili ku-[letters@nalibali.org](mailto:letters@nalibali.org) noma nisifake ekhasini lika-Facebook: [www.facebook.com/nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA) kungakedluli umhla ka-19 Novemba 2012.




## Create your own mini-book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

## Zenzele ibhukwana lakho

1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku 6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.





## Get story active!

After you and your children have read *Dorothy's visit* you might want to try out some of these ideas.

### If you have 10 minutes...

- Look at the pictures again. Choose some of them to focus on and, with your children, talk about how Farida feels about meeting Dorothy for the first time. Invite them to share how they might feel about meeting a child they do not know.
- In the story, Farida thinks Dorothy must be an elephant. Encourage your children to suggest why she thinks this.

### If you have 30 minutes...

- Let your children write and illustrate a new rhyme like Farida's by adding their own words in the spaces!

*I have a friend*

*His/her name is \_\_\_\_\_*

*He/she loves \_\_\_\_\_*

*And \_\_\_\_\_*



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde *Ukuvakasha kukaDorothy* kungenzeka nithande ukuzama eminye yale miqondo.

### Uma ninemizuzu eyi-10...

- Bhekani izithombe futhi. Khetha ezinye enizogxila kuzona, bese wena nezingane zakho nixoxa ngokuthi uFarida uzizwa kanjani ngokuhlangana okokuqala noDorothy. Bacele ukuthi babelane ngokuthi bazizwa kanjani ngokuhlangana nengane abangayazi.
- Endabeni, uFarida ucabanga ukuthi uDorothy kungenzeka ukuthi uyindlovu. Gqugquzela izingane zakho ukuthi zenze iziphakamiso zokuthi kungani ecabanga ngale ndlela.

### Uma ninemizuzu engama-30...

- Vumela izingane zakho ukuthi zibhale umlozelo omusha ochaza kabanzi ofana nokaFarida ngokufaka amagama abo ezikheleni!

*Nginomngani*

*Igama lakhe ngu \_\_\_\_\_*

*Uthanda \_\_\_\_\_*

*Kanye \_\_\_\_\_*

## Story stars

### Changing worlds with words

**Nal'ibali partner, The Shine Centre, is a literacy organisation based in the Western Cape that is changing young children's worlds, a few words at a time. It is passionate about encouraging a love of reading in young children.**

Shine focuses on helping children in Grades 2 and 3 develop important literacy skills through a fun programme run by trained volunteers. The programme offers children individual attention for an hour each week. During this time they do four different types of activities:

- Shared reading (where the child chooses a book that interests him or her and reads it with the volunteer)
- Paired reading (where the volunteer chooses a book that is at the correct level for the child's developing skills)
- Have-a-go writing (where the focus is on using whatever writing skills the child has)
- Wordplay (which focuses on listening, sounding out and writing words and sentences).




The Shine Centre

Encouraging and praising children is very important to Shine so volunteers use 'praise notes'. 'We all love to be recognised for a job well done or for trying our best,' says Kerry White. 'At the end of each session, the volunteer writes a simple praise sentence that is meaningful to the child... For example, "You remembered to use the pictures to work out what the words on the page say, Siphos. You are such a star!" Parents and caregivers can easily use praise notes at home too!'

To read more about the work of The Shine Centre and about other Story Stars, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

Ukuze ufunde kabanzi ngomsebenzi owenziwa i-Shine Centre kanye Nabavelele Ezindabeni, vakashela ku- [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



## Abavelele ezindabeni

### Ukwenza izinguquko ezimpilweni zezingane ngamagama

**Isikhungo esisebenzisana noNal'ibali esibizwa ngokuthi yi-Shine Centre esizinze eNtshonalanga Kapa, siyisikhungo esifundisa ukwazi ukufunda nokubhala esiguqula izimpilo zezingane ezincane ngamagama ambalwa ngesikhathi ngasinye. Sinentshisekelo yokugqugquzela uthando lokufunda ezinganeni ezincane.**

I-Shine igxile ekusizeni izingane eziseBangeni lesiBili nelesiThathu ukuthi zithuthukise amakhono azo abalulekile okwazi ukufunda nokubhala ngohlelo lokuzithokozisa oluqhutshwa amavolontiya. Uhlelo luhlinzeka ngokunakwa kwengane ngayinye ihora elilodwa isonto ngalinye. Ngalesi sikhathi benza imisebenzi emine eyahlukene:

- Ukufunda ngokwabelana (lapho ingane ikhetha khona incwadi eyithandayo bese iyifundela ivolontiya)
- Ukufunda ngababili (lapho ivolontiya likhetha khona incwadi esezingeni lengane elifanele lamakhono engane athuthukayo)
- Ukubhala (kugxilwe kunoma yimaphi amakhono okubhala ingane enawo)
- Ukudlala ngamagama (kugxilwe ekulaleni, ukuphimsa nokubhala amagama nemisho).

Kubaluleke kakhulu e-Shine ukugqugquzela nokuncoma izingane ngokusebenzisa 'amapheshana okuncoma'. 'Siyakuthanda sonke ukunconywa uma senze umsebenzi omuhle noma uma senze konke okusemandleni ethu,' kusho uKerry White. 'Ekupheleni kwesikhathi sokuhlangana ngasinye, ivolontiya libhala umushwana wokuncoma osho okuthile enganeni... Isibonelo, "Ukhumbulile ukusebenzisa izithombe ukuze uthole ukuthi athini amagama asekhazini, Siphos. Usebenzile!" Abazali nabanakekela izingane nabo bangasebenzisa amapheshana okuncoma nasekhaya futhi!'



## Story corner

Here is a story for you to read-aloud or tell. It is about a duckling who looks very different from other ducklings and who feels unloved and unwanted.

### The ugly duckling (Part 1) Retold by Sindiwe Magona

Once upon a time there was a duckling who lived on a wide open vlei with his family. He was a sad little duck because nobody seemed to like him, not even his own brothers and sisters.

'Ugly duckling! That is what everybody calls me. Nobody loves me!' he sobbed.

'That's not true, darling! Mama loves you!' said Mama Duck. She smiled at her last-hatched chick. He was a strange little fellow but still she loved him with all her heart.

The other birds on the wide open vlei teased the ugly duckling. 'You're not fluffy and yellow like your brothers and sisters,' whispered the spiteful blue crane. 'You're bigger than the rest,' laughed the haughty black coot. 'You're ugly!' they all said together.

No one ever cuddled the ugly duckling and he felt very lonely. But when he ate, he forgot that he was lonely. So he ate and ate and ate. And he grew bigger and bigger and bigger.

One day the ugly duckling felt so miserable that a single tear fell from one eye. Trying to stop more tears from falling, he looked down. Then, he saw his reflection. He gasped! Everyone was right. *He really was ugly!*

The ugly duckling ran away. He wanted to go far, far away. Then nobody would know that he was the ugliest duckling on earth. He saw a flock of big, white birds with long, gracious necks and wide, wide wings. They were beautiful swans. Winter was coming and they were flying off to the summer sunshine and blue skies over the sea. 'Oh, how magnificent they are,' thought the ugly duckling as he wandered off far from home. 'I wish I was beautiful like them.'

After many days of seeing no-one, he met a flock of fierce hadedas. He was a bit scared of them, but wanted some advice. 'Do you know of any ducks with grey feathers like me?' he asked. But the huge birds just shouted, 'HAA-DEE-DAA! Go away!'

The little duckling walked on and on until his little webbed feet were worn to the bone. He collapsed in a heap.

**Will the ugly duckling ever be loved and accepted for who he is? Find out next week.**

Adapted from *The Ugly Duckling* and *UDado Omubi*. Published by Jacana. © 2010



Illustrations by Natalie Hinrichsen  
Imidwebho yenziwe uNatalie Hinrichsen



## Ikhona lezindaba

Nansi indaba eningayifunda kuzwakale noma eningayixoxa. Imayelana nodado obukeka ehlukile kwabanye futhi ozizwa engathandwa futhi engafunwa

### UDado omubi (Ingxenye yoku-1) Ixoxwa nguSindiwe Magona

Kudala emandulo kwakukhona uDado owayehlala exhaphozini elikhulu, elivulekile nomndeni wakhe. Wayegcwele usizi enhliziyweni yakhe ngoba kwakungekho muntu omthandayo, ngisho nabafowabo nodadewabo babengamfuni.

'Dado omubi! Wonke umuntu ungibiza kanjena. Akekho umuntu ongithandayo!' esho ekhala.

'Akulona iqiniso lelo, sithandwa sami! UMama ukuthanda kakhulu!' kusho uMama uDado. UMama uDado wamoyizela ebheke ichwane lakhe elichamisele ekugcineni. Wayengajwayelekile neze! Kwakuwumntanake futhi wayemthanda ngenhliziyo yakhe yonke.

Izinyoni ababehlala nazo exhaphozini nazo zazigcona uDado omubi. 'Awunabo uboya obuphuzi nobuntfontofo njengodadewenu nabafowenu,' kunyenyeza indwe enenhliziyi embi. Umkhulu kunabo bonke abanye,' kuhleka izinyoni emnyama. 'Umubi!' kusho zonke izinyoni kanyekanye.

Akekho noyedwa owayeke wasingatha uDado, lokhu kwakumenza azizwe enesizungu. Kodwa kwakuthi uma edla, akhohlwe ngosizi lwakhe. Ngakho waqhubeka nokuzitika ngokudla. Waqhubeka waya ngokuya eba mkhulu, eba mkhulu, eba mkhulu.

Ngelinye ilanga uDado wazizwa edangele kwaze kwehla unyembezi olulodwa ehlweni lakhe. Wabheka phansi ukuze avimbele ukuwa kwemvula yezinyembezi. Wazibona emanzini. Wamangala! Bonke babeqinisile. *Wayemubi ngempela!*

UDado wasuka wabaleka. Wayefuna ukuya kude lapho engaziwa khona. Akekho umuntu owayezokwazi ukuthi wayenguDado omubi kunabo bonke emhlabeni. Wabona umhlambi omkhulu wezinyoni ezimhlophe ezinezintamo ezinhle ezinde namaphiko amakhulukazi. Zazingama-swan amahle ngendlela eyisimanga. Ubusika base busondele, zazindizela lapho kukhona ukukhanya kwelanga lasehlobo kanye nesibhakabhaka esiluhlaza phezu kwezilwandle. 'Hawu, zaze zaba zinhle,' kucabanga uDado eya kude nekhaya. 'Ngifisa sengathi ngabe ngimuhle njengazo.'

Ngemuva kwezinsuku eziningi engaboni muntu, wahlangana nomhlambi wamagwababa asabekayo. Wayewesaba kancane, kodwa wayefuna iseluleko kuwona. 'Ngabe niyawazi amadada anezimpaphe ezimpunga njengezami?' ebuza amagwababa. Kodwa izinyoni ezinkulu zavele zamemeza, 'GWA-GWA-GWA! Suka lapha!'

Wahamba kwaze kwakhathala izinyawana zakhe. Wagcina ngokuwa phansi waba umthwadlana.

**Ngabe uDado omubi uyoke athole ukuthandwa nokwamukeleka ngendlela abukeka ngayo? Thola lokhu ngesonto elizayo.**

## In your next Nal'ibali supplement:

- **Getting your children hooked on books**
- **Story stars: find out about a storyteller and reading club volunteer who is hooked on books**
- **Mini-book, *Scary footsteps***
- **The final part of the read-aloud story, *The ugly duckling***

Can't wait until next week for more reading and story tips, tools and inspirational ideas? Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or find us on Facebook: [www.facebook.com/nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

Find us on Twitter: @nalibaliSA  
Sithole ku-Twitter: @nalibaliSA



## Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- **Ukwenza izingane zakho zithande izincwadi**
- **Abavelele ezindabeni: thola kabanzi ngoxoxa izindaba noma ivolontiya lethimba lokufunda elithanda izincwadi**
- **Ibhukwana, *Izigi ezisabisayo***
- **Ingxenye yokugcina yendaba, *UDado omubi***

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube ngesonto elizayo ukuze ufunde nokunye kanye namathiphu endaba, amathuluzi kanye nemiqondo evusa usinga? Vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma usithole ku-Facebook: [www.facebook.com/nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)



*Dorothy's visit* is one of 36 stories available in the Little Library Kits for Numeracy, Literacy and Life Skills. Each kit contains 60 readers (5 copies of 12 stories), 12 big books, 12 posters and a comprehensive teacher's guide. All the readers and the big books are available in all 11 official languages. For more information please visit our website [www.cup.co.za](http://www.cup.co.za).

Cambridge University Press  
P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002  
Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418  
Email [info@cup.co.za](mailto:info@cup.co.za)



**CAMBRIDGE**  
UNIVERSITY PRESS  
[www.cup.co.za](http://www.cup.co.za)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment initiative to get people in South Africa – children and adults – passionate about telling and reading stories. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



Nal'ibali umkhankaso kazwelonke wokujabulela ukufunda ukwenza ukuthi abantu baseNingizimu Afrika – izingane nabantu abadala – babenogqozi lokuxoxa kanye nokufunda izindaba. Ukuthola ulwazi olunabile, vakashela e: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)




Drive your  
imagination

CAMBRIDGE

# Dorothy's visit Ukuvakasha kukaDorothy

Sally Ward  
Marjorie van Heerden







One day the postman brought Farida a postcard from Uncle Tamu. Uncle Tamu was a game ranger who lived on a Game Reserve.

Dear Farida

I'm sending my friend Dorothy to visit you. She would like to see how you live in town. She loves bananas and likes milk and sugar in her tea. She arrives on Sunday. I'm sure you'll become good friends.

Uncle Tamu

Miss F. Patel  
28 Rose Street  
Lenasia  
1820



Ngolunye usuku indoda yeposi yalethela uFarida iphosikhadi. Lalivela kuMalume uTamu. Umalume uTamu wayengumphathi wendawo yezilwane. Wayehlala Esiqiwini Sezinyamazane.

Farida othandekayo  
Ngithumela umngani wami  
uDorothy ukuthi azokuvakashela.  
Ufuna ukubona ukuthi niphila  
kanjani emakhaya. Uthanda  
ukudla obhanana. Futhi  
uthanda ushukela nobisi  
etiyeni lakhe. UDorothy  
uzofika ngeSonto. Ngiqinisekile  
ukuthi nizokuba ngabangane  
abakhulu.  
UMalume uTamu

Nkss F. Patel  
28 Rose Street  
Lenasia  
1820




Farida was very excited. She couldn't wait for Dorothy to arrive. She ran around the house singing a song.

"A visitor for me  
Her name is Dorothy  
She loves bananas  
And sugar in her tea!"



UFarida  
wayejabule  
kakhulu.  
Wayehluleka  
nokulinda ukuthi  
uDorothy afike.  
Wayegijigijima  
ezungeleza ecula  
ingoma.

"Isivakashi esiza kimina,  
Igama laso nguDorothy.  
Uthanda obhanana  
Kanye noshukela etiyeni lakhe!"




Sunday morning finally arrived. Farida woke up very early and put on her best dress. She made tea and put a big bowl of bananas on the table.


"What will Dorothy be like?" Farida wondered. She looked at the postcard again. There was a picture of an elephant on the front.

Kwafika ukusa kwangeSonto. UFarida wavuka ekuseni kakhulu. Wagqoka ingubo yakhe enhle kakhulu. Wase enza itiyе wabeka nesitsha esikhulu sobhanana etafuleni.

"Kungabe uDorothy ngumuntu onjani?" kucabanga uFarida. Waphinda walibheka futhi iphosikhadi. Kwakukhona isithombe sendlovu ngaphambili kulo.







“Dorothy must be an elephant!” she thought.  
 “What will we do?”

“UDorothy kungenzeka kube yindlovu!”  
 ecabanga. “Sizokwenjani?”



“We can play in the garden.”

“Sizodlala engadini.”



“And we can play hopscotch.  
Oh no, Dorothy will make holes in  
the pavement!”

“Bese sidlale umdlalo we-hopscotch.  
Kodwa uDorothy uzokwenza imigodi phansi!”



“We can play hide-  
and-seek.  
But there’ll be  
nowhere for Dorothy  
to hide!”

“Singadlala umasicashelane.  
Kodwa uDorothy  
akazukubanayo  
indawo yokuzifihla!”







“We’ll have tea and bananas. But Dorothy will eat all the bananas in one big gulp!”

“Sizozitika ngetiye nobhanana.  
Kodwa uDorothy uzobadla bonke obhanana!”



“Dorothy could stay for the night. But she’ll flatten my bed and my pink blanket won’t cover her at all!”

“UDorothy angakwazi ukuhlala ubusuku obubodwa.  
Kodwa uzokwenza umbhede wami ube yisicaba.  
Ingubo yami empofu ayisoze yamemboza nhlobo!”





“Oh dear!  
A visitor for me  
Her name is  
Dorothy  
She can’t play  
hopscotch  
Or hide behind  
a tree.”


Just then the doorbell rang.  
Farida opened the door slowly.  
And there was Dorothy ...

“Hhawu mina othandekayo  
Isivakashi sami, igama laso  
nguDorothy.  
Akakwazi ukudlala i-hopscotch  
Noma ukuzifihla ngemuva  
kwesihlahla.”


Ngaso lesa sikhathi kwakhala  
insimbi yasemnyango.  
UFarida wavula umnyango  
kancane. Futhi nangu  
uDorothy eselapha ...



“Oh!” exclaimed Farida. “Welcome Dorothy.  
You’re not an elephant.”



“Hhawu!” kumemeza uFarida. “Ngiyakwamukela  
Dorothy. Awuyona indlovu.”




"You're just like me!"

"Ufana nami nje!"



"I have a friend  
Her name is Dorothy  
She loves bananas  
And sugar in her tea!"



"Nginomngane,  
igama lakhe  
nguDorothy.  
Uthanda obhanana  
kanye noshukela  
etiyeni lakhe!"